basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2018

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-28.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

ISIQEPHU A:	Inoveli	(35)
ISIQEPHU B:	Umdlalo	(35)
ISIQEPHU C:	Izindaba ezimfishane	(35)
ISIQEPHU D:	Izinkondlo	(35)

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

IZINOMBOLO ZEMIBUZO	**AMAMAKI**	**IKHASI**
ISIQEPHU A: INOVELI **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.**		
1. *Ithemba Lami*	35	5
2. *Kusinda Kwehlela Endodeni*	35	8
3. *Umshado*	35	11
ISIQEPHU B: UMDLALO **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.**		
4. *Ababulali Benyathi*	35	14
5. *Icala Kaliboli*	35	17
6. *Isiko Nelungelo*	35	20
ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE **Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.**		
7.1 'Umunwe'	18	23
7.2 'USihawu Nesihawu'	17	24
ISIQEPHU D: IZINKONDLO **Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.**		
8.1 'Inhlansi Yakho Thuli'	18	26
8.2 'Phansi'	17	27

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

ISIQEPHU	IZINOMBOLO ZEMIBUZO	IMIBUZO EPHENDULIWE	THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE
A: INOVELI	1–3	1	
NOMA			
B: UMDLALO	4–6	1	
NOMA			
C: IZINDABA EZIMFISHANE	7	1	
NOMA			
D: IZINKONDLO	8	1	
QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.			

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

Beqeda nje ukwehlukana noNomkhizo, bengakaqali ngisho ukubingelelana njengezithandani, babone umuntu njenganjeya **ehalazela**. 'Loya muntu ozayo sengathi nguZabalaza nje. Ngibona sengathi useshelele ngoba namhlanje azikho izinsizwa zangakubo. Ngizomncamisa ngimfunge uNomkhizo wakwethu.' Washo la mazwi uSandanezwe wabonakala eshintsha nasebusweni.
'Wenzeni manje uZabalaza Mkhumane ngoba ngithi uyazihambela nje?'
'Shh! Thula wena uzobona khona,' washo ngokufutheka noNokulindela wabona ukuthi hhiya ayingangaye. Ngaleso sikhathi wayeselokhu eqinisa izinduku zakhe ubona nje ukuthi yinsizwa yomZulu ayehlukani nezinduku zayo.
'Hheshe mbhemu! Ake uphinde amazwi akho wethu. Ngithi zibambe ziqine!' Lapho uSandanezwe wayesethibise **okwenkunzi**.
'Amazwi ami athini? Khuluma uqonde wethu ungabe ulokhu ugigiyela.'
'Usabuza kanti!' Qu! Gilikidi!
'Ziphi izinsizwa zangakini? Angishongo ukuthi ngizokuthola? **Vuka uzithathe**.' Ngaleso sikhathi uZabalaza wayesebomvu phansi egqihisa okwenkomo igwaziwe.
'Kahle bo Sandanezwe ukumbulala. Sale usumyeka ngoba usewile, uzoze uzibangele amacala ngento engekho.'
'Ungathi yinto engekho kanjani? Angithi le nto ihambe ingigxibhela ikhuluma kabi ngami? Ngifuna ukukufundisa isifundo.'
'Ungishaya kanjena Sandanezwe ngoba izinsizwa zangakithi zingekho? Siyoze sinqwamane esikhaleni sezimpisi neziyendane ngiyakutshela.'
'Usakhuluma khona ukukhuluma mthakashanandini? Ngikuphahlaza ikhanjana khona manje,' kufutheka uSandanezwe esho emsikaza.

1.1 Ngubani udadewabo kaSandanezwe? (1)

1.2 Bhala isizathu sikaSandanezwe sokusebenzisa leli thuba ukuziphindiselela kuZabalaza ngalolu suku. (2)

1.3 Bhala isikhali esasetshenziswa uSandanezwe noZabalaza ngesikhathi belwa. (1)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Ngokwalesi siqeshana isimo sokukhuluma esithi '**Vuka uzithathe**' sisho ukuthi sukuma …

A silwe.
B uhambe.
C ume.
D ubaleke. (1)

1.5 Yisiphi isexwayiso uNokulindela asinikeza uSandanezwe mayelana nesenzo sakhe sokushaya umuntu eselele phansi? (2)

1.6 Nikeza izizathu EZIMBILI ezabangela ukuthi uSandanezwe ahlasele uZabalaza. (2)

1.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

1.7.1 Bhala isibonelo sodweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.7.2 UNomkhizo ungumlingiswa omncane/ongaqavile kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.8 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emshweni olandelayo:

Lapho uSandanezwe wayesethibise **okwenkunzi**. (1)

1.9 Bhala kafushane amazwi ashiwo uZabalaza emva kokushaywa nguSandanezwe ngokwalesi siqeshana. (2)

1.10 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uNokulindela wayengasazi isizathu sokuthi uSandanezwe afune ukushaya uZabalaza. (2)

1.11 Shono isizathu esenza uNomgedla agcine evumile ukusiza uZabalaza ngokufakela uNokulindela umuthi wentando nakuba ayengathandi. (2)

KANYE

ISIQESHANA B

'Thatha lokho ukwethule emakhosini. Konke okungena lapha akukhona okwami okwamakhosi. Ngingajeza nokujeza uma ngingakwenza okwami,' kuyala ukhokhovula wansondo elokhu esineka ubala.
'Makhos' amakhulu nokuba siyaphila siphilela nina makhosi!' kukhuleka uSandanezwe.
Baxoxa-ke nezinye bedungulelana baze behlukana uSandanezwe esebuyela elawini lakhe. Engxoxweni yabo, uNonkamfela wethembisa ukuthi uyothi uma esemnike lena eminye imithi, bese ethatha uhambo lwakhe lokuya kwaLomahasha ePutukezi. Yilapho ithemba lakhe lalikhona lokuthi uzowathola khona amakhambi okwelapha lesi sifo sikaSandanezwe. Indawo yasePutukezi leya yaziwa kabi ngemithi enzima newusizo. Usizo lomuthi-ke kodwa luncika elwazini lomuntu owusebenzisayo ukuthi uyasazi yini leso sifo aselaphayo noma hleze uyahlawumbisela.
Nebala zahamba izinsuku zazala amasonto. Wahamba uNonkamfela wababela kwelasePutukezi njengenjwayelo ngoba vele imithi yakhe eminye wayeyilanda khona. Nokho eminingi imithi yakhe yayivamile ukumsebenzela ngoba zimbalwa iziguli ayegcina ehlulekile ukuzelapha. Njengesiko lezinyanga ukungavumi ukuthi iyehluleka, naye wayevame ukungasho ezigulini zakhe ukuthi uyehluleka kepha azichithe ngandledlana thizeni. Ekuhambeni kwakhe lapha wayengavele azishiye zodwa iziguli zakhe kodwa wayezishiya nomfo kaNzama. UWosiyane lona waqala eludibi lwakhe uNonkamfela lona, okwathi ngobulula bekhanda wayesemfundisa izimpande namagxolo athize.

1.12 Idume ngani indawo yasePutukezi? (2)

1.13 Chaza isigameko esiwuvuthondaba kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.14 Kwaba namthelela muni empilweni kaZabalaza ukubanjwa kukaNomgedla? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.15 Bhala izenzo zikaNonkamfela EZIMBILI kule noveli ezimveza njengomuntu ongenza noma yini ukuze kuphumelele umsebenzi wakhe wokwelapha. (2)

1.16 Ngokucabanga kwakho wasinda yini uSandanezwe kulesi sifo esasimphethe? Sekela impendulo yakho. (2)

1.17 Ukuziphatha kukaZabalaza kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho. (2)

1.18 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uNokulindela wawungathini kuye mayelana nokuthandana noSandanezwe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

Uma udlulela kwankosi uchezuka uye eGujini, udlulele eNcunjane kude kude eMpungulwane usuyowela ezibukweni loMtshezi uye kwaNobamba. Kanti uma uya kwaKopi, uhamba ungachezuki ngale ndlela eya eGujini, udlula esikoleni iNdlabesuthi udlulele, eMnqamukantaba, udlulele esigodini saseMathinta, ushone kwaNgongolo. Udlule njalo uye eMxheleni, eSiphethwini, uze uyongena eMbangweni emzini wenkosi omdala. KwaZondehleka eMaxetsheni kwaJojingenya udlulele kwaDungamanzi uze uyofika esitolo kwaKopi. Jikela kwesokudla emgwaqeni oya eMgungundlovana, usuyongena esigodini **uThulilwezulu oluhamba njalo** uze uyowela iFabeni uze uyongena eMpofana, e-Keates Drift. Uma usuweqa umfula iMpofana, ungena eMawozini.

Kanti uma ufika emfuleni iFabeni, ujikela kwesokudla usungena esigodini sakwaNxamalala, udlulele eMadulaneni uyongena kwaDumakude udlule esikoleni KwaLeje uyofika Othini bude buduze naseMudeni. Angizibalanga zonke izindawo zaseMachunwini, kodwa lesi isithombe esiveza ubukhulu bendawo yaseMachunwini.

UMsinga **indawo eyihlanze**. Umuntu oqala ukuyibona engayazi indawo enezihlahla ezinameva, ufike ethuke futhi angajwayeli noma esehlezi izinsukwana impela. Izihlahla ezitholakala ehlanzeni azijwayelekile neze. Kukhona imsasane, iminhlonhlo, umvithi, neminye-ke. Into evumayo kakhulu kule ndawo, yimfuyo, izimbuzi kanye nezinkomo. Izimbongolo zazisetshenziswa ukuthwala ukudla okunjengamasaka empuphu, ubhontshisi, kanye nesitambu.

2.1 Yimuphi umfula owuwelayo uma uya emzini wenkosi ngokwalesi siqephu? (1)

2.2 Yikuphi okukhombisa ubukhulu bendawo yaseMachunwini? (1)

2.3 Shono ukuthi yini eyayenza le ndawo ingajwayeleki kalula kumuntu oqalayo ukuyibona. (1)

2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Umshwana othi, **indawo eyihlanze**, usho ukuthi indawo …

A esedolobheni elikhulu.
B enezihlahla ezingajwayelekile.
C enomfula omkhulu.
D enamatshe amaningi. (1)

2.5 Yisiphi isizathu esenza abantu bakule ndawo yaseMsinga bafuye izimbongolo? (2)

2.6 Ubukhona bukaMaNene nonkosikazi kaMduduzi kule noveli kusifundisa ukuthini mayelana nobudlelwane phakathi komakoti nomamezala babo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Hlaziya le noveli ubhekise kulokhu okulandelayo:

2.7.1 Bhala isibonelo sodweshu lwangaphakathi olwaba khona ngesikhathi uMpunzi etshela uManyoba ukuthi ubizwa nguNdabazabantu. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.7.2 UThusheleni ungumlingiswa omncane/ongaqavile kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.8 Nikeza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo:

UMaNgcobo noMaNgubane. (2)

2.9 Tomula ibinzana lamagama afakazela ukuthi kunesigodi esihlala abantu bakwaZuma kule ndawo yaseMsinga. (2)

2.10 Bhala kafushane izinto EZIMBILI ezazuzwa uManyoba ngesikhathi esebenza eGoli. (2)

2.11 Bhala isizathu esenza uMaNgcobo wayofuna imali yokungcwaba uNtombela kuMaNgubane. (2)

KANYE

ISIQESHANA D

Ebubhungwini bakhe naye uManyoba kwadingeka ukuthi ayosebenza isithupha epulazini ukuze umndeni wakubo uhlale endaweni yomlungu. Ipulazi lalibude buduze noMgungundlovana. Kulapha-ke lapho le nsizwa yazenzela udumo ngokudlala ibhola lezinyawo emakilabhini amaningi. Kusihlwa le nsizwa yayicula umculo owawaziwa ngokuthi 'ingomabusuku', lapho kuculwa khona kuze kuse. Ngaleso sikhathi kwakungekho mali etholwayo ngokucula kwakuwudumo nje kuphela ababeziqhenya ngalo. Uma bengaculi babedlala ibhola noma bangcweke ngezinduku bekhipha amangwevu okungubuchwepheshe bakhona. Uma lezi zinsizwa zivakashele eMgungundlovana zazaziwa ngokusina uma sezimnandi.

UManyoba wasebenza isikhathi eside epulazini maqede weqa, wabona kungcono ukuthi ayosebenza lapho ethanda khona. Engakeqi epulazini, wabonana wathandana noNtombi Ndlovu ongowokuzalwa eMvoti. UNtombi wayezalwa nguShali KaNgwangwane entombini yakwaZondi kwesikaBhambatha isizwe, eNgome. Kubo babebabili nje vo, kwakunguyena inkosazane nomfowabo uMpononoza. UNtombi yena wayesebenza emajalidini eMdlovana. UNtombi wayefundafundile ngoba wayephase ibanga lesine. Isilungu sasiphuma ngamakhala ikakhulukazi ngoba abelungu bakhe babengasazi nakancane isiZulu. Kwakuyindoni yamanzi le ntokazi. Pho yayimile yini lentokazi yakwaNdlovu, kwakuwusukasambe wentombi. Isho ngesitho, sayo kungunokushudula wentombi. Ilokhu-ke okwathatha:

Umbijidakiwe
Umthent' uhlabusamila
Inkunz' ekhonye beyicathamela
Kwath' oZondi beyizuma
Wabakhulumisa ngenduku
Kwahlek' uMdlovana wonke

2.12 Ngokwalesi siqeshana uzalwa ngubani uMaNdlovu? (2)

2.13 Chaza isigameko esiwuvuthondaba kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

2.14 Kwaba namthelela muni empilweni kaManyoba noMaNdlovu ukuhlala ngokwehlukana ngesikhathi behlupheka? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Bhala izenzo zikaMaNdlovu EZIMBILI kule noveli ezikhombisa ukuthi wayesangakwazi ukuziphilisa ngaphandle komyeni wakhe. (2)

2.16 Ngokucabanga kwakho yimuphi umyalezo uManyoba ayefuna ukuwedlulisela kumadodana akhe ngesikhathi efunda eBhayibhelini ngosuku lomcimbi wakhe? (2)

2.17 Ukuziphatha kukaThembalihle ngesikhathi uMaNdlovu ehlala nabo kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? (2)

2.18 Yikuphi wena owawungakwenza uma umuntu oshade naye ephatha kabi abazali bakho njengoba kwakwenza omakoti bakaMjwayeli noFanyana kuManyoba noMaNdlovu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

'Sifiso ngibone intokazi enhle kabi ekuseni.'
'Ubuyibonaphi izingane zalapha zizimbi kangaka?'
'Ngenkathi ngiza lapha emsebenzini. Okusemqoka-ke ukuthi ngicabanga ukuyeshelela umshado nje kwaphela.'
'Kahle wena bo! Uqala nje ukuyibona?'
'Into ukuthi angazi ngingakuchazela kanjani. Ibigqoke kahle mfowethu ishaye ezimnyama bhuqe. Ubuso lobu **kuyipentshisi**. Angisaphathi ithanga layo mfowethu, ngithe uma ngilithi nhla, kwagijima igazi ngokushesha.'
'Angiyethembi le nto ongitshela yona Bhekani. Uthi akusiye umfelokazi lowo? Ubekhindeleni uze ubone amathanga nje? Sengathi akanasimilo nje lo muntu ombonile ndoda.'
'Ubuntu unabo mfowethu. Uyazi, kuwe iduku lami wangicoshela yena. Ngabona ukuthi cha usaphila-ke lo muntu. Hhayi ukuthi ubekhindile mfowethu isiketi besilokhu sipheshulwa umoya ngemuva.'
'Izingubo ezimnyama-ke zona?'
'Leziya Sifiso ezomswenko nje, akusiyo inzilo.'
'Uboqaphela Bhekani **ungahlangani nezimbila zithutha** lapha eNyawushane. Kuningi vele okugaqele bona abangakashadi njengani. Mhlolisise kahle lo muntu wakho. Nazane weneliseke kube yikhathi ukhuluma ngomshado.'
Asingenanga kahle lesi seluleko ezindlebeni zikaBhekani.'
Zase zivalwe uthando. Zase zivalwe uvalo lwephupho nolaka lukanina. Wayazi kahle ukuthi uma efika ekhaya unina uzombuza ukuthi ucabange wagcinaphi. Amehlo akhe ayelokhu ethe njo ewashini ejahe ukuba kuphume isikole.

3.1 Ngubani igama lale ntokazi okukhulunywa ngayo kulesi siqephu? (1)

3.2 Yini eyenziwe yile ntokazi ekhombisa ukuthi ayinasimilo kulesi siqephu? (2)

3.3 Bakuphi oBhekani noSifiso njengoba bexoxa? (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: **ukuhlangana nezimbila zithutha** sisho:

A Ukuba nenkinga.
B Ukuba nothando.
C Ukuba novalo.
D Ukuba nesihawu. (1)

3.5 Yini ekhombisa ubuntu eyenziwa uTholakele mhla ehlangana noBhekani ngokwesiqeshana? (2)

3.6 Hlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo: Ubuso lobu **kuyipentshisi**. (1)

3.7 Hlaziya le noveli ubheke lokhu okulandelayo:

3.7.1 Yiziphi izigameko zodweshu lwangaphakathi ezihlupha uBhekani njengoba esemsebenzini ngalolu suku? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.7.2 Umfundisi ungumlingiswa omncane/ongaqavile kule noveli. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.8 Nikeza okufanayo phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo:

ULindiwe noTholakele. (2)

3.9 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi uBhekani akasilalelanga iseluleko ayesitshelwa nguSifiso. (2)

3.10 Bhala kafushane isizathu esabekwa uTholakele sokungathandi ukuhlatshelwa imbuzi kubo kaBhekani. (2)

3.11 Ucabanga ukuthi yini eyenza uTholakele afune ukulotsholelwa emjondolo? (2)

KANYE

ISIQESHANA F

Imicabango eyamfikela lapho uBheki yamvezela ngokusobala ukuthi uthando lukaTholi luyamnqoba. Wathikamezwa ukuhona kukaTholi owayeselele. Wacabanga ukuthi sengathi ubuntu bukaTholi bufuna ukulungiswa. Bamnqoba ubuthongo. Waphupha uyise sengathi ungenisa abantu esangweni. Abanye uyabangenisa abanye uyabavimbela. Kuthe uma kufika intokazi yezingubo ezimnyama, wavimba uyise. Uthe ephaphama uBheki, kwasho ukuthi sekusile.
'Sengihamba Tholi.'
'Usuhamba kanjalo Bheki? Woza uzovalelisa wakwami, isikhathi siningi ngoba awuyi emsebenzini.'
'Kuningi okufanele ngikwenze ngoba usuku lomsebenzi kusasa.'
Abuyele kuTholi uBheki. Afike aqabule esihlathini. Aphume ahambe. Into ethanda ukumxaka uBheki ukulala okungaka kukaTholi. Kwakungakaze kwenzeke ukuthi uma uBheki esehamba uTholi angavuki. Wasola iphungana alizwe emlonyeni kaTholi obekungathi elamambawu.
'Uma uTholi ephuza ngempela, kuyofuneka ngimtshele emehlweni ukuthi phansi utshwala.' Asho uBheki aze ashaye isibhakela ngesandla. Acabange ukuthi yena unina angathini eganwa yisidakwa.
Afike ekhaya uBheki. Unina usevukile.
'Ufuna ukuya esontweni lasekuseni yini mama, wavuka kangaka?'
'Angilalanga uyihlo.'
'Usefunani futhi manje?'
'Uthi yini le elotsholwayo?' Athule uBheki. Axakeke nje ukuthi usho ukuthini unina. Abuke unina futhi uBheki; aze ahwaqe impela.
'Kodwa wena Bheki inkinga yakho ikuphi ngoba abantu bonke bathi lo mfelokazi uyisidakwa kabi nje?'
'Angikwazi lokho mina.'

3.12 Yimuphi umcimbi owawukhona lapho uTholakele aphuza khona utshwala? (2)

3.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI iphupho elafikela uBhekani ngalobu busuku. (2)

3.14 Ukuthandana kukaBhekani nomfelokazi kwaba namphumela muni ebudlelwaneni bakhe nomndeni wakhe? (2)

3.15 Chaza isigameko esiwuvuthondaba kule noveli. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.16 Ngokucabanga kwakho kungani uLindiwe amxolela kalula uBhekani emva kokungaphumeleli komshado wakhe noTholakele? (2)

3.17 Ukuziphatha kukaBhatomu kuyinto eyamukelekile yini emphakathini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.18 Yikuphi wena owawungakwenza uma kuboshwa umuntu ozoshada naye ngosuku lomshado?Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 35

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G

(Emzini wenkosi ekuseni, uShandu ubukeka ebuthakathaka. Isandla sokudla asisuki esifubeni. Ulokhu ehlinahlina. UMaNgema naye ukhona lapho endlini yokuphumula.)

MANGEMA: *(Ngokukhathazeka. Namehlo acwebe izinyembezi.)* Baba, uma sekunje mina ngiyadideka.

SHANDU: *(Ngokukhathazeka)* MaNgema, ukhathazeke ngakhona mkami. Okusho ukuthi uMbandlwa ubulawe ngabantu abazwelana nami.

MANGEMA: *(Ngokukhathazeka)* Akungatshazwa lokho baba. Okubi nje ngukuthi abantu bazothi ubulewe nguDlamini ngoba nguye osenecala lokumshaya.

SHANDU: *(Usakhathazekile. Sengathi namandla ayamphelela.)* Bangadlali ngoDlamini ngoba bengamzali. Akekho umuntu ongathi esabhekene **necala elibi kanje legazi** futhi eseke wathola nesexwayiso samaphoyisa, abuye enze into enje.

MANGEMA: *(Amehlo akhe azidedele izinyembezi. Ahoshe iduku azesule.)* Baba, ngabe kade efikile lapha uDlamini. Mina ngisola sengathi uyesaba. Uyabona baba, cishe usevalelekile. *(Athule kancane)* Kunganjani baba uthumele onogada ababili bahambe ngemoto bayombheka.

SHANDU: *(Ahline kakhulu)* Uqinisile MaNgema. Ngicela ubacele onogada. Mina sengiyesaba.

(Aphume uMaNgema.)

SHANDU: *(Asale yedwa elokhu ethintathinta esifubeni. Ukuhlina kwakhe kwenyukele. Kubonakale izindebe zinyakaza sengathi uzama ukukhuluma kodwa izinhlamvu zamagama zingezwakali. Kubonakale izinyembezi zehla ziyowela esifubeni.)*

MANGEMA: *(Angene egulukudela endlini. Izandla uzithwele ekhanda useyakhala.)* Baba! Baba! Nampa abantu bethi uDlamini nomndeni wakhe sebengumlotha! Hawu! Hawu Nkosi yami!

4.1 Inkosi uShandu icabanga ukuthi obani ababulele uMbandlwa? (1)

4.2 Yiziphi izindaba ezimbi uMaNgema azitshela inkosi kulesi siqephu? (2)

4.3 Sifo sini esabe siphethe inkosi uShandu? (1)

4.4 Isihloko salo mdlalo siyahambelana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: Akekho umuntu ongathi esabhekene **necala elibi kanje legazi** futhi eseke wathola nesexwayiso samaphoyisa, abuye enze into enje, sisho icala …

A lokuntshontsha imali.
B lokucwasa ngokobulili.
C lokudayisa izidakamizwa.
D lokulimaza ngesikhali. (1)

4.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngesikhathi unogada efika kwaDuma ethunywe yinkosi ukuthi akazomcela eze emzini wayo. (2)

4.7 Kwaba namthelela muni emphakathini ukuba khona kukaMaShezi noMaNgema? (2)

4.8 Yini umsebenzi womlandi/womxoxi encwadini engumdlalo? (2)

4.9 Ngubani umlingiswa oyimbangi kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (3)

4.10 Yini eyayenziwa uDlamini ukubhebhethekisa udlame endaweni? (2)

4.11 Yikuphi ukuhlakanipha okwenziwa inkosi uShandu ukuze kube noxolo endaweni? Bhala ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

(Kusesibhedlela, inkosi uShandu ilele embhedeni. Usebukeka engconywana ngoba uyakhuluma. Eduze kwakhe kukhona uMaNgema, uMfundisi uMazongolo, usayitsheni, uMaShezi kanye noDuma.)

MAZONGOLO: Ngicela ukuthandaza. Masivaleni amehlo. *(Bonke bavale amehlo, bahlanganise izandla.)* Jehova Mdali weZulu nomhlaba, siyazithoba phambi kwakho. Siyabonga baba ngokusinika leli thuba elisezandleni zethu njengamanje. Baba, sicela wehlise umoya wakho oyiNgcwele usilawule. Kukho konke esizokwenza, kube yilokho okuthandwa nguwe. Uphinde baba uvakashele isizwe senkosi uShandu. Baba uthele umoya wakho kuso lwehle ulaka. NoNdabezitha baba msikelele, wenze izimanga zakho asinde abuyele ekhaya. Nemindeni esemanzini njengamanje yibophe ngebhande likamoya oyiNgcwele. Konke lokhu sikucela egameni lomfeli wethu uJesu Kristu, Amen.

ABANTU: Amen.

SHANDU: *(Ngezwi elikhathele.)* Mfundisi, ngiyabonga. Nawe MaShezi, ngiyabonga kuwe. Ngingakhohlwa nguwe sayitsheni.

MAZONGOLO: Hhayi-ke, yithuba elihle leli. Okokuqala nje mina ngiyathokoza ngoba uma ngiyibheka inkosi, ngiyibona izolulama. Cha, bayasebenza odokotela.

MANGEMA: *(Aqondise kumfundisi.)* Baba Mfundisi odokotela bayasebenza ngoba nangu ubaba ebonakala eswabuluka. Mina bengithi sekuphelile. Cha, bathe akezungena engozini futhi kusize kona ukumphuthumisa kwethu.

DUMA: *(Asondele ngasenhla kombhede. Uhlikihla izandla njengomuntu ohloniphayo.)* Ndabezitha, shwele. Kunje nje, kungenxa yami. Ngiyaxolisa Ndabezitha. Yebo Ndabezitha, ukube angizange ngimlalele uMbandlwa ngabe asikho lapha.

4.12 Bhala imindeni ehleli emanzini ngokwalesi siqephu? (1)

4.13 Yikuphi lokhu okwashiwo nguMbandlwa okwalalelwa nguDuma kanti kuzomfaka enkingeni? (1)

4.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
4.14.1 USayitsheni	A Unobhala wekhansela
4.14.2 UFohloza	B Wenza imizamo yoxolo
4.14.3 UMbandlwa	C Usola uDuma ngodlame
4.14.4 UMaNgema	D Unogada wenkosi

(4 x 1) (4)

4.15 Ukuba isigameko sikaMaShezi sokuyobonisana noMaNgema sasingafihlekanga kuDuma kwakuyokwenzekani? (2)

4.16 Ngokucabanga kwakho ukufunda kukaDuma kwaba wusizo yini kuye nasemphakathini ayehlala kuwo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.17 Umbhali uphumelele yini ukusivezela ingwijikhwebu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.18 Ukuba wena wawuyilunga lomphakathi wakule ndawo yini owawungayenza ukuvimbela ukufa kwabantu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

(Ngesonto ntambama kwaMbhele. Bekuhlangene ikomidi lezezimali lebandla lapho kusonta khona abakwaMbhele.)

MFUNDISI: *(Ngokuzithoba)* Ndodakazi, usuyosibongela kundodana ngokusivumela sisebenzele emzini wakhe njengoba bekube nenkinga ukuba sihlanganele esontweni namuhla.

MANSIBANDE: Impela bo usibongele kubaba uMbhele ngomusa wakhe. Angadinwa nangomuso.

SONTO: Akanankinga umyeni wami, uyathanda ukusiza. Ngizowudlulisa kodwa umyalezo.

MFUNDISI: Kuyofanele simbonge noNkulunkulu bodadewethu uma amagatsha ethu esenza umnikelo ongaka ngenyanga nje eyodwa.

MANSIBANDE: Impela baba akabongwe uNkulunkulu. Hhayi, banikelile abazalwane, nami bengithi asibalanga kahle, ngendlela nje imali ebe ningi ngayo.

MFUNDISI: Manje bantabami nansi indaba enkulu, sizokwenzenjani ngemali njengoba ilanga selishonile nje nasebhange kungavulwa ngamaSonto? Phela ibivamise ukuhamba nobaba uNtanzi ngoba vele usebenza khona ebhange, nakho-ke manje usesebenzela kwenye indawo.

MANSIBANDE: Mina baba ngibona kungcono ukuthi ihambe nawe bese uvuka ekuseni uyiyise ebhange.

SONTO: Impela nami baba ngifakazelana nonobhala. Ngoba vele uhlala endlini yesonto uzofike uyifake esisefeni sebandla.

MFUNDISI: Yebo bantabami, ngiyanizwa.Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze phela ngingahlangani nezigilamkhuba **zingenzakalise**.

MANSIBANDE*: (Emoyizela)* Bengivele ngizokubeka baba.

SONTO: Nginganiphinda yini ngokuphuzwayo?

MANSIBANDE: Hhayi dadewethu, ilanga selishonile manje. Kodwa phela angazi kubaba uMfundisi.

MFUNDISI: Usho ukuthi selishone ngaleyo ndlela? Cha, akusenani umphimbo usuyogwinya wona amathe. *(Bahleke bonke sebeme ngezinyawo.)*

SONTO: Ake nginikhiphe ezinjeni-ke bazalwane.

5.1 UMbhele ubasize ngani abantu bebandla? (1)

5.2 USonto unasikhundla sini ebandleni? (1)

5.3 Bhala isizathu esenza ukuthi imali ihambe nomfundisi ngalolu suku. (2)

5.4 Isihloko salo mdlalo siyahambelana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: Usuyongibeka-ke nobhala ngemoto yakho ukuze ngingahlangani nezigilamkhuba **zingenzakalise**, sisho ukuthi …

A zimkhulumise kabi.
B zimfake ejele.
C zimlimaze kabi.
D zimfake emotweni. (1)

5.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI isigameko esenzeka emzini womfundisi eze elimala. (2)

5.7 Kwaba namthelela muni ukuboshwa kukaSonto kuZinhle? (2)

5.8 Yini umsebenzi womlandi/womxoxi kule ncwadi engumdlalo? (2)

5.9 Ngubani umlingiswa oyimbangi kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

5.10 Yini eyenziwa uNtshangase ukukhombisa ukuthi ungummeli onobuhlakani? (2)

5.11 Yiliphi iphutha likaMbhele elenza ukuthi izigebengu zimbulale kalula? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

KANYE

ISIQESHANA J

(USonto usuke kwaMaNsibande waya esibhedlela ukuyozibonela le nto eshiwo nguMaNsibande ngoMfundisi. Useficana nomseshi uNhleko emnyango wegumbi okulaliswe kulo uMfundisi.)

NHLEKO: Ngiyaxolisa Nkosikazi, kuphume umthetho ovimba ukubonwa kukaMfundisi kusukela izolo.
SONTO: Yini indaba?
NHLEKO: Umthetho sisi.
SONTO: Cha, okwami kuhlukile.
NHLEKO: Ngilalele, qhubeka uchaze.
SONTO: Mina ngikhonza naye, ungumfundisi wami.
NHLEKO: Hhawu kanti uyadlala. Ubala lolo ongitshela lona. Kuke kwafika ingelosi yathi ithunywe nguNkulunkulu kuMfundisi kodwa asiyingenisanga. Uyini-ke wena?
SONTO: Ngifuna nje ukumenzela umkhuleko bese ngiyaphuma. Angeke ngihlale.
NHLEKO: Ingelosi ibifuna ukuzomphilisa aphume lapha esibhedlela.
SONTO: *(Eseqala ukukhombisa ukucasuka.)* Umthetho onjani lo ovimba ukuthi abantu bakhulekelwe? Mina ngazi ukuthi umthetho izinkolo zabantu uyazihlonipha.
NHLEKO: Musa ukusukela umthetho nkosikazi Mbhele. Ubani othe umthetho awufuni nithandaze? Mina ngithe umthetho uvimba ukubonwa kukaMfundisi, hhayi ukuthandaza lokhu wena osukusho.
SONTO: Ngingathandaza kanjani ungafuni ngingene?
NHLEKO: Kuseduze kabi lapha ngaphakathi, uma ungathandaza ulapho ukhona njengamanje, umthandazo wakho ungafika kuMfundisi.
SONTO: Kanti udelela ngempela, uthi angithandaze ngilapha?
NHLEKO: Ehhe asiguqe ngizokulekelela.
SONTO: *(Ngolaka)* Lalela la ndoda ndini, ngizokuceba kubaphathi bakho ngale nto oyenzayo, uxoshwe.
NHLEKO: Yibo impela labo baphathi abathe ngingakuvuleli.
SONTO: Hhayi, kulungile. Kangihambe-ke ngoba nakhu awufuni ukungingenisa. Kakuzukungisiza nakancane ukuphikisana nawe lapha.

5.12 Obani abatshele uNhleko ukuthi angavumeli muntu ukuzobona umfundisi ngokwalesi siqephu? (1)

5.13 USonto noMaNsibande bazanela kuphi? (1)

5.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
5.14.1 uZinhle	A Isigebengu
5.14.2 uMthofi	B Isigwili sendawo
5.14.3 uMbhele	C Umakhelwane kaMbhele
5.14.4 uDlamini	D Indodakazi kaSonto

(4 x 1) (4)

5.15 Ukuba isigameko sokubulwa kukaMaNtuli sasingafihlekile kuMbhele kwakuyokwenzekani phakathi kwakhe noSonto? (2)

5.16 Ngokucabanga kwakho kwakuyini inhloso kaSonto yokufuna ukubona uMfundisi esibhedlela ngenkani? (2)

5.17 Umbhali ukwazile yini ukusivezela ingwijikhwebu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

5.18 Ukuba wena wawunguDlamini wawuyomexwayisa yini uMbhele ngalokhu okwakwenzeka emzini wakhe uma engekho? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
[35]

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(UThenjiwe noNondumiso bafika kwaManzini, ntambama.)

ZUNGU: Hawu ngibonani ngamehlo ami! Makoti uqhamukaphi sengikhathazeke kangaka?

BOBABILI: Yebo baba!

ZUNGU: Bengithi ngizovuka ekuseni ngizokufuna. Kodwa soneni usuhamba kabi kangaka?

THENJIWE: Cha baba inkinga yami yileli siko engingezwani nalo. Angizimisele mina ukubuye ngigane uDumisani. Uyedwa umuntu engangimthanda emhlabeni uSikhumbuzo.

ZUNGU: Kuyezwakala ndodakazi. Inkinga ukuthi sengathi umama wakho akakuchazelanga kahle ngomendo.

NONDUMISO: Nami baba ngikhala ngalokho. Ngicela ukuba nimchazele kahle umakoti wenu ngaleli siko. Okubi-ke kodwa ukuthi nalo muntu enithi akangene le ngane usemncane.

THENJIWE: Abusho lutho ubuncane bukaDumisani. Into enkulu ukuthi angimfuni. Ngicabanga nokuthi nalo isiko ngeke lisebenze uthando lungekho.

ZUNGU: Sengathi ijulile inkulumo yakho makoti. Kokunye nathi besinake isiko nje kanti kukhona **lapho siphaphalaza khona**.

NONDUMISO: Ngisuswe yilokho phansi mina Manzini. Ngicabanga ukuthi isiko lisebenza kahle uma kukhona ukuzwana. Angiboni ukuthi lingaphoqelelwa ngenkani.

ZUNGU: Sengathi kuzofuneka sihlangane nomndeni wakini; kuboniswane ngale ndaba.

THENJIWE: Engikucelayo ukubuyela ekhaya, kuphela nje. *(Kufike uMaMbatha)*

MAMBATHA: Sanibona bantabami!

THENJIWE/
NONDUMISO: Yebo mama!

MAMBATHA: Ulandwe uwe yini umlobokazi baba?

ZUNGU: Cha nkosikazi ngibabone sebengena nodadewabo. Phela mina bengizovuka ekuseni ngiyofuna.

MAMBATHA: *(Ebheke kuThenjiwe)* Kanti uma umuntu evakashele udadewabo akabe esasho?

NONDUMISO: Cha mama ubengeke asho ngoba uhambe kungekuhle uThenji.

6.1 Bavelaphi oThenjiwe noNondumiso njengoba befika kwaZungu? (1)

6.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyenza uThenjiwe athi isiko ngeke lilunge? (1)

6.3 Bhala isizathu sikaNondumiso sokuphelezela uThenjiwe ngalolu suku. (2)

6.4 Isihloko salo mdlalo siyahambelana yini nokwenzeka endabeni? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

6.5 Isimo sokukhuluma esithi: Kokunye nathi besinake isiko nje kanti kukhona **lapho siphaphalaza khona**, sisho ukuthi lapho …

A sinephutha khona.
B sihleka khona.
C sidumisa khona.
D sisebenza khona. (1)

6.6 Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka empilweni kaThenjiwe emva kokuba eseshiywe ngudadewabo kwaZungu. (2)

6.7 Kwaba namthelela muni emndenini wakwaZungu ukuphoqelela uThenjiwe ngesiko lokungenwa? (2)

6.8 Yini umsebenzi womlandi/womxoxi kule ncwadi engumdlalo? (2)

6.9 Ngubani umlingiswa oyimbangi kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

6.10 Yini eyenziwa uZungu ukukhombisa ukuthi uthanda luphathwe ngesizotha udaba lukaThenjiwe? (2)

6.11 Yikuphi ukuhlakanipha okwenziwa nguSipho ukuxazulula inkinga kaThenjiwe nabantu bakwaZungu? (2)

KANYE

ISIQESHANA L

(UMondise ukhuluma noThenjiwe endlini.)

MONDISE: Usuhlale isikhathi eside lapha ndodakazi. Kuzofuneka ngikubuyisele emzini.
THENJIWE: Hawu baba!
MONDISE: Impela. Unyoko nami sesikuchazele kabanzi ngesiko lokungenwa. Akusekho esingabuye sikusho okudlula lokhu.
THENJIWE: Ngizwile nami baba. Inkinga idalwa ukuthi anginalo uthando lukaDumisani mina.
MONDISE: Uqinisile. Akulula umthande engekho eduze. Yikho ngithi buyela emzini nabo bazame abangakuzama manje.
THENJIWE: Okungcono ngizovele ngiyozihlalela kwasisi mina.
MONDISE: Kubi ukungalaleli. Usufuna ukuyokonisa udadewenu-ke manje kanti uzihlalele kahle emzini.
Ufuna ukubonani kanti? Ufuna ngikubambe ngezandla?
THENJIWE: *(Zigcwale amehlo)* Ngiyaxolisa baba. Ngicela wazi ukuthi ukubuyela kwami emzini akusho ukuthi ngiyogana uDumisani.
MONDISE: Le nkani yakho isifake abantu abaningi ezinkingeni. Ngiyajabula ngoba amaphoyisa ambopha ngokushesha uSipho.
THENJIWE: Hawu baba. USipho uboshiwe?
MONDISE: Uboshiwe, angithi uyena lo odala ube nenkani.
THENJIWE: USipho akanacala. Wayengilamulela.
MONDISE: Ukhona umuntu olamula ngommese. Lunga-ke ntokazi. Kuzofuneka sidlule kugogo wakho. Uvele wavukwa ukugula kwakhe uma ezwa lezi zimanga zakho. Angazi noma siyomfica esaphila.
THENJIWE: Uthi nimtshelile ukuthi ngiganiswa umuntu ngingamfuni.
MONDISE: Usuyomtshela wena lokho. Thina usibeka icala lokuthi asikufundisanga ngani onke amasiko esintu. Cishe naye ufuna ukulahlela umlomo okokugcina.

6.12 USipho wayemgwazelani uDumisani? (1)

6.13 Ngokwalesi siqeshana esingenhla yiliphi iphutha athi ugogo lenziwa ngabazali bakaThenjiwe? (1)

6.14 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
6.14.1 Washonela ejele.	A UThenjiwe
6.14.2 Ugqamisa ilungelo.	B UGugu
6.14.3 Umlobokazi osemncane.	C UNondumiso
6.14.4 Umngani kaThenjiwe	D USipho

(4 x 1) (4)

6.15 Ukuba isigameko sikaThenjiwe sokufakela uDumisani ushevu sasifihlekile kuThabi kwakuyokwenzekani kuDumisani? (2)

6.16 Ngokucabanga kwakho isiko lokungenwa lisengaphumelela yini kubantu besimame abaphila esikhathini samanje? Bhala amaphuzu AMABILI wesekele impendulo yakho. (2)

6.17 Umbhali uphumelele yini ukusivezela ingwijikhwebu kulo mdlalo? Fakazela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

6.18 Ukuba wena wawungumama kaThenjiwe wawungenzenjani ingane yakho ibhekene nalesi simo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 35

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2

UMBUZO 7

7.1 **'UMUNWE' – Scelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

'Ngifuna ubungani obungenamibandela, njengoba sengike ngasho nje. Ngifuna ubungani beqiniso. Angifuni umngani ozongilutha, ngicabange ukuthi uyangithanda kanti ugaqele okuthile lapha kimi. Yingakho ngingafuni ukuba nomngani ngoba ngiyayazi imiphumela yokuba nomngani.'
'Ngicela uzame mina, ubone ukuthi uzophoxeka yini.'
'Ngizame wena? Wena?' ebuzisisa. Amehlo akhe alandele isandla sami njengoba ngisisusa epuletini, ngisiyisa emlonyeni. Angazi noma umangazwa wukuthi ngiyinxele yini. Yebo, ngisebenzisa isandla semfene mina. Wehla naso futhi isandla sami.
'Ngeke uzisole Zodwa. Ngiqinisile.'
'We, angicabangi. Ngeke kulunge Bhuti.'
'Hhayi, kahle Zodwa. Wase uphika kangaka?'
'Kufanele ngiphike. Ngiphika ngoba kunezizathu zalokho.'
'Zisho, yikhona ngizozama ukuzilungisa lezo zinto ezingalungile.'
'Sengathi uphambanisa izinto manje. Ayilungiswa into evele ilungile. Uma uyiguqula usuke usuyona.'
'Ayikho into elungile lapha. Ngingakakutholi ukuphumula enhliziyweni?'
'Empeleni, ngizokubuza izinto ezithile. Ngifuna ungiphendule ngendlela ezongigculisa ukuze sisheshe sidlule kule nto.'
'Buza noma yini, ngizokuphendula,' kusho mina ngeqholo.
'Uqotho?'
'Yebo.'
'Uthembekile?'
'Sengathi yinto eyodwa nje le ongibuza yona?'
'Cha, kimi akusiyona into eyodwa. Yizinto ezimbili ezahlukene, ezidinga izimpendulo ezimbili ezahlukene.'
'Wenelisekile yizimpendulo zami Zodwa?'
'Cha, angenelisekanga. Ngaphezu kwalokho, ngisenombuzo owodwa wokugcina.'
'Buza, ngizokuphendula.'
'Ushadile?'

7.1.1 Yikuphi okucelwa yile nsizwa kuZodwa kulesi siqephu? (1)

7.1.2 Chaza kafushane uhlobo lobungani/umngani ofunwa uZodwa. (2)

7.1.3 Bhala isizathu sale nsizwa sokungafuni ukuqonywa yizintombi eziningi endaweni eyodwa. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.4 Yini eyenza uZodwa asole ukuthi le nsizwa akhuluma nayo ishadile? (2)

7.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Lesi simo sokukhuluma esithi: 'Yebo, ngisebenzisa **isandla semfene** mina' sichazani kulokhu?

A Isandla esikhulu.
B Isandla sokudla.
C Isandla esibi.
D Isandla sesinxele. (1)

7.1.6 Ucabanga ukuthi lo mlisa wayenayiphi inhloso ngoZodwa? (2)

7.1.7 Yini ekhombisa ukuthi uZodwa ungumlingiswa ozithandayo futhi onesimilo esihle kule ndaba emfushane? (2)

7.1.8 Bhala inhloso yombhali yokusibhalela le ndaba emfushane. (2)

7.1.9 Uphumelele yini umbhali ukusivezela ukungathembeki komlingiswa omkhulu/oqavile kule ndaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE

7.2 **'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA N

Kuliqiniso ukuthi nxa umuka nomfula ubambelela ngisho nangomsingizane. Uma esefika nale ndaba yokuthi useyogana ebukhosini mhlawumbe umalumekazi wakhe uzomamukela kangcono, nakhu phela useza nengcebo. Kodwa-ke uqiniseke kangakanani ukuthi le nto akayiphuphile? Ukhona umuntu oqala ngokwenza lokhu abese ekushada?
'Hawu, Bathobile, ubekwa yini lapha mntakadadewethu? Madoda, kanti ngabe leli so lidikizela nje kukhona elingibikela khona? Ngisheshisele, kukhona yini osekukwehlele Mntanami? We MaZulu, ake uthi gqi lapha bo!'
'Yebo ngiyeza Baba; ngisasakazela izinkukhu umgqakazo.'
Angene maqede umalumekazi, athi nhla uBathobile ashaye isikhwehlelana esincane. UBathobile amane azibonele nje ukuthi ayidumi kanje uma izosuka.
'Yini Bathobile? Ungasho ukuthi usuhlulwe umsebenzi? Ucabanga ukuthi uzophila ngani na mame?' kubuza umalumekazi wakhe ephubuza isicephu ehlala phansi.
Asithathe futhi isililo uBathobile. Kumane kumcacele nje ukuthi uma izinto zihamba ngale ndlela, kusho ukuthi ngempela ishwa linaye. Kusobala ukuthi nendaba kaSihawu abesebambelele kuyo ayizukulunga. Kodwa uzohlalela izinkulumo ezinjengalezi aze afe nini?
'MaZulu, MaZulu, uma uthi uyabukisa ngengane kadadewethu, khohlwa ngoba awunazo izibukeli. Ngicela uvele uyeke, ngoba njengoba uthunuka amanxeba ayo nje, nakimina kubuhlungu. Okudlula lapho, ngizosuka ngikwenze into ongazange uyibone.'

7.2.1 Wayephumaphi uBathobile ngalolu suku? (1)

7.2.2 Yini eyayenza uBathobile acabange ukuthi uzomamukela kahle umalumekazi? (1)

7.2.3 Bhala izinkinga EZIMBILI ayebhekene nazo uSihawu. (2)

7.2.4 Sizathu sini esenza uSihawu enze lesi senzo asenza kuBathobile? (2)

7.2.5 Chaza ukuthi uSihawu wabukhombisa kanjani ubuntu empilweni kaBathobile. (2)

7.2.6 Le ndaba yenzeka esikhathini sanamuhla. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI ngalokhu okusesiqeshini. (2)

7.2.7 Umama kaMaZulu uvezwe njengomuntu onjani kule ndaba emfushane? (2)

7.2.8 Umbhali uwulandelile yini umgomo wenani labalingiswa okufanele batholakale endabeni emfushane kule ndaba? (2)

7.2.9 Ukuba wawunikwe ithuba lokweluleka uMaZulu wawungameluleka uthini ngendlela ayekhuluma ngayo noBathobile? (2)

7.2.10 Ngokwakho ukubona kwakufanele yini ukuthi uSihawu ayizibe indaba yokuthi abantwana babenezinwele eziphothene? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 8

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Inhlansi Yakho Thuli – SB Mlambo

1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
2 Ngishiywe nguNontando dengwane
3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
4 Ngingaboni lutho wufasimba,
5 Kujuluke namehlo.

6 Ngakubona buqamama.
7 Ngakubona uyinhlansana.
8 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
9 Ngamangala, ngankema.
10 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.

11 Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.
12 Yokhela, yalanguz' ilangabi.
13 Ngabuzwa ubulangulangu
14 Ngaziba, lakhula ilangabi.
15 Kokheleka nakwezinye izitho.

16 Ukunyamezela kwangiphika.
17 Ukubekezela kwanyamalala.
18 Wadlondlobala umlilo ngazidela.
19 Ngayihlomisa eyomlomo.
20 Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.

21 Ngakujuma ungazelele.
22 Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
23 Ngagadla ngengedla wapaquza,
24 Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
25 Ngagwaza ngesijula.

26 Nganqoba ngingeqhawe.
27 Ngazihasha ngingembongi,
28 Yahlokom' imvelo.
29 Kwabakuhle konke.

30 Ngayithumb' eyakho inhliziyo,
31 Ngayokhelisa yokhela.
32 Kwahlangan' ilangabi.
33 Mawungacishwa muntu,
34 Mawungacishwa mvula nomoya.

8.1.1 Ngubani igama le ntokazi eyashiya imbongi? (1)

8.1.2 Bhala umugqa osesitanzeni soku-1 osikhombisa ukuthi imbongi yayikhathazekile. (2)

8.1.3 Ngubani owayesefudumeza inhliziyo yembongi? (1)

8.1.4 Fingqa ngamagama akho okushiwo yimbongi esitanzeni sesi-4. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

8.1.5 Bhala izikhali EZIMBILI imbongi eyayigadla ngazo. (2)

8.1.6 Chaza ukuthi umoya wale nkondlo unjani? Sekela impendulo yakho. (3)

8.1.7 Tomula umusho onesizura esitanzeni sesi-2. (1)

8.1.8 Hlobo luni lwemvumelwano olutholakala esitanzeni sesi-3? Bhala isibonelo sayo. (2)

8.1.9 Ukuba wawunikwe ithuba wawungayeluleka uthini imbongi ngesikhathi ishiywe ngumuntu emthandayo? (2)

KANYE

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Phansi – LMMS Madondo

1 Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba
2 Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
3 Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
4 Lunye kuwo uhambo
5 Impinda ayikho.
6 Sinye kuwo isikhathi
7 Sifushane asenele
8 Ubupigogo nobusakabuli buyaqedwa
9 Bushazwe yizangqotho nemishazo yomhlaba
10 Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
11 Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
12 Abaqhwakazela phezul' onontandakubukwa
13 Baphenduk' izinqibi kugayingane imilomo
14 Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
15 Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
16 Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

8.2.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.2 Bhala umugqa onefanamsindo emigqeni emi-3 yokuqala yenkondlo bese udwebela imisindo efanayo. (2)

8.2.3 Bhala umugqa osenkondlweni osikhombisa ukuthi emhlabeni linye ithuba lokuphila. (2)

8.2.4 Tomula umugqa OWODWA ovalekile kule nkondlo. (2)

8.2.5 Fingqa ngamagama akho okushiwo yimbongi ngokusobala emigqeni ye-12 kuya kweye-16. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

8.2.6 Bhala izilwane EZIMBILI imbongi ekhulume ngazo kule nkondlo. (2)

8.2.7 Imbongi iphumelele ukwethula umqondo wayo ngokusebenzisa izenzukuthi. Sekela ngokutomula izenzukuthi EZINTATHU bese uzichaza ngokwenkondlo. (3)

8.2.8 Ngokucabanga kwakho yisiphi isizathu sembongi sokufanisa umuntu ophansi nokuhamba kwehobosha kule nkondlo? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70